



INCWADI YOKWAZISWA OKUYISIZINDA NGOKUTHUTHUKISWA OKUHLONGOZWAYO KWESIGABA 2 SESANI PASS (P318): UKUHLOLWA KOMTHELELA OKUNGABA NAWO ENDAWENI EZUNGEZILE NEMVELO

Injongo Yale Ncwadi

Injongo yale Ncwadi Yokwaziswa Okuyisizinda (BID) ukunikeza Abantu Abahilelekile Nabathintekayo (IAPs) ukwaziswa okuyisizinda ngephrojekthi ehlongozwayo nokwethula inqubo okumelwe ilandelwe Yokuhlolwa Kwendawo Ezungezile Nemvelo (EIA). Ihloiselwe futhi ukwazisa ama-IAP ngendlela yokubamba iqhaza ngokugcwele kwi-EIA futhi ikhuthaze ukuba khona ngentshiseko emihlanganweni nokuveza izimvo ezincwadini ezisakazwa ngenjongo yokusika elijikayo.

Yini Ehlongozwayo?

UMnyango Wezokuthutha (DoT) waKwaZulu-Natal, ubambisene noMnyango Wezokuthutha Kazwelonke, uhlongoza ukuqhubeka neSigaba 2 sokuthuthukiswa komgwago iSani Pass (P318), osoKhahlamba Drakensberg Park (World Heritage Site) eseduze kwe-Underberg, kwa-KZN. Bheka Ibalazwe eKhasini 3.

ISigaba 1, ukuthuthukiswa kwengxenywe engezansi yomgwaqo iSani Pass (km0 - km14), sekuye kwagunyazwa kakade futhi njengamanje usuyaqhubeka wakhiwa. Ngaphezu kwalokho, inqubo ehlukele ye-EIA yokwabiwa kabusha komgcele ukusuka ku-km25 ukuya ku-km14 njengamanje iyaqhubeka.

Le-EIA ibhekela ukuthuthukiswa komgwaqo weSigaba 2, ohlanganisa ingxenywe engu-19 km ye-P318 ukusuka ku-km14 ukuya ku-km33, eqala lapho udlula iGood Hope ukuya esiqongweni nasemngceleni waseLesotho.


Ukuthuthukiswa kweSigaba 2 okuhlongozwayo kuhlangukisa ukugugula nokuhlelemba kabusha umgwaqo ukusuka emgwaqweni wothuli wenziwe umgwaqo oqinile futhi kuhlangukisa ukunwetshwa komgwaqo, ukulungiswa kabusha kwezixenywe ezimfushane, amabhuloho amasha, ukulawulwa kwamanzi emvula kanye namasistimu okuthambisa, ukuqiniswa kwezinqwaba zenhlabathi nemithambeka kanye nokuvuselelwa kwemigwaqo egugulekile. Bheka eKhasini 4 ukuze uthole ukwaziswa okwengeziwe kwezobuchwepheshe

I-DoT ikhethe u-ARCUS GIBB (PTY) LTD njenge-Environmental Assessment Practitioner (EAP) ukuze enze inqubo ye-EIA ngephrojekthi ehlongozwayo.



The Sani Pass – Main Road (P318)
Phase 2 = Km 14 (Approx 100m from Good Hope) to Km 33(The Lesotho Border)

Road P318



Kungani Kudingeka Ukuhlolwa Komthelela Ongaba Khona Endaweni Ezungezile Nemvelo?

Ngokwemibandela yoMthetho Kazwelonke Wokuhlolwa Kwendawo Ezungezile Nemvelo (uMthetho No. 107 ka-1988) [NEMA] kanye neZiqondiso ezihlobene ze-EIA ezashicilelwa ngo-April 2006, ukugunyazwa kwalokhu kuhlolwa komthelela endaweni ezungezile nemvelo kumelwe kutholakale ezikhulwini ezifanelekile okuyizona ezenza izinqumo ngaphambi kokuba kuqaliswe imisebenzi ethile ehleliwe engase iphumele egalelweni elingelihle elingaba khona endaweni ezungezile nasemvelweni. Ukuthuthukiswa kweSigaba 2 okuhlongozwayo kuhlangukisa inani lemisebenzi ehlelwe eZiqondisweni ze-EIA. Ngakho-ke i-EIA kumelwe yenziwe ukuze kutholakale ukugunyazwa kokuhlolwa komthelela endaweni ezungezile okuzovela eMnyangweni Wezomvelo Nezokuvakasha (DEAT), igunya elenza izinqumo ngale phrojekthi.

Ukuthuthukiswa okuhlosiwe kwe-Sani Pass (P318) kubandakanya, phakathi kokunye, le misebenzi elandelayo efakwe ohlwini, ngokweSaziso Sikahulumeni No. R. 387 se-NEMA:

Inombolo Yomsebenzi 2: Noma yimuphi umsebenzi wokwakha, kuhlangukisa uhloko nezingqalazizinda, lapho ingqikithi yendawo ingamahekthare angu-20 noma ihloiselwe ukuba ibe yiwo, noma ngaphezulu

Inombolo Yomsebenzi 5: Ukunquma ukuthi umgwaqo kumelwe uhambe kuphi kanye nezingqalasisiinda ezihlobene nayo, kuhlangukisa nemigwaqo engakakhiwa namanje kodwa osekunqunywe ukuthi izohamba kuyiphi imigudu ngaphambi kokushicilelwa kwalesi saziso nokho obungakagunyazwa ngamagunya afanelekile ngokwemibandela yeZiqondiso Zokuhlolwa Komthelela Ongaba Khona Endaweni Ezungezile Nemvelo ezenziwe ngaphansi kwesigaba 24(5) soMthetho futhi zashicilelwa eSazisweni SikaHulumeni No. R. 385 sika-2006, lapho -

(b) kuwumgwaqo oqondiswa yigunya lesifundazwe.

Isizathu Sokuthuthukiswa Kwe-Sani Pass Okuhlongozwayo

- Ukubhekela isimo sokuwohloka komgwaqo samanje
- Ukuqinisekisa ukuthi i-P318 iyasimamiswa ukuze ikwazi ukusetshenziswa esikhathini esizayo
- Ukusebenza njengomgwaqo wezohwebo othuthukiswe ngendlela ephawulekayo futhi ohlanganisa iNingizimu Afrika neLesotho
- Ukuhlinzeka ngendlela ephophile yokuhamba kwezivakashi
- Ukuhlinzeka abantu abahlala eMokhotlong eLesotho ngendlela elula nephephe kakhudlwana yokuya e-Underberg, okuyisikhungo esiseduze kakhulu kubo sokuthenga nokunakekelwa kwempilo

Phawula: Isidingo Nesifiso sephrojekthi ehlongozwayo siyohlolwa njengengxenywe ye-EIA.

Uhlaka Lwenqubo Yokuhlolwa omthelela Endaweni Ezungezile Nemvelo

I-EIA iyithuluzi lesishayamthetho elisetshenziselwa ukuqinisekisa ukuthi imiphumela engemihle engaba khona ngenxa yokuthuthukiswa okuhlongozwayo iyagwenywa noma incishiswe. Esishayamthethweni saseNingizimu Afrika indawo ezungezile nemvelo kubandakanya imikhakha yezehlalo, ezomnotho, nezinto eziphilayo i-EIA okufanele izihlole ngokulinganayo.


Inqubo ye-EIA ihlukaniswe yaba yizigaba ezimbili, iSigaba Sokuhlola Ububanzi Bomsebenzi Okumelwe Wenziwe kanye neSigaba Sokuhlola Umthelela Endaweni Ezungezile Nemvelo. Lokhu kuthuthukiswa komgwaqo okuhlongozwayo kuseSigabeni Sokuhlolwa Kobubanzi Bomsebenzi Okumelwe Wenziwe.

Isigaba Sokuhlola Ububanzi Bomsebenzi Okumelwe Wenziwe

Isigaba Sokuhlola Ububanzi Bomsebenzi Okumelwe Wenziwe sihlolwe:

- Ukuphenya nokuhlangukisa ukwaziswa ngendawo ehlongozwayo, ukuze kutholakale ukuqonda ngale ndawo
- Ukuthola indlela le misebenzi yokuthuthukiswa kwale ndawo engase ibe ngayo nomthelela endaweni ezungezile nasemvelweni
- Ukuthola ukuthi angobani ama-IAP namagunya afanelekile ngokwenza i-PPP (Bheka ekhasini 3)
- Ukuthola imithelela engaba khona endaweni ezungezile nasemvelweni ngokwenza uphenyo ne-PPP
- Ukuchaza amagama athi okuhlongozwayo nelithi okungaba khona kanye nezinye izindlela ezihlukile ezingasetshenziswa

Inqubo Ezolandelwa Ye-EIA



Isigaba Sokuhlolwa Komthelela Ongaba Khona

Phakathi nalesi sigaba, zonke izinkinga nezinye izindlela ezihlukile ezihlongozwayo ezitholwe eSigabeni Sokuhlola Ububanzi Bomsebenzi Okumelwe Wenziwe ziyahlolwa bese zilinganiswa ngokwemibandela yokubaluleka kwazo. Lapho Kudingeke khona, kuyanconywa ukuba kuthathwe izinyathelo zokudambisa ukuze kuncishiswe amazinga emithelela engaba khona. Uhlelo Lokuphathwa Kwemvelo nalo luzodidiyelwa, oluzonquma izilinganiso zendawo ezungezile nemvelo okumelwe kunanyathelwe kuzo ngesikhathi sesigaba sokwakha sale phrojekthi. Njengasesigabeni Sokuhlola Ububanzi Bomsebenzi Okumelwe Wenziwe, i-PPP iyinxenye ewumgogodla yeSigaba Sokuhlola.

Inqubo Yokubamba Komphakathi Iqhaza

I-PPP ihlola ukwazisa izinhlobo ngezinhlobo zabo bonke Abantu Abanesifiso Nabathintekayo (IAPs) ngeprojekthi ehlongozwayo kanye nenqubo ethinta indawo ezungezile nemvelo ezolandelwa.

Yithuluzi elizovumela umphakathi ukuba uhlephulelane ngezimvo futhi uveze imibono yawo nokukhathazeka ngokwakhiwa kwalo mgwaqo nendawo okuhlongozwayo i-EIA eyenzelwa kona. Zonke izimvo ezivela kuma-IAP kumelwe zibhalwe phansi, zihlolwe bese ziphendulwa kwi-EIA.

I-PPP isiza ekutholeni izinkinga ezingase zibe khona ezizosiza ekugxiliseni nasekuthuthukiseni ukwenziwa kwezinqumo. Ngokusebenzisa le nqubo, i-EIA izobe ivulekele umphakathi futhi konke kuzobekwa obala ezithebeni zomphakathi.

Wonke ama-I&AP'S abhalisiwe azolunywa indlebe ngokwaziswa okutholakale muva nangemicimbi nemisebenzi kuyo yonke inqubo ye-EIA.

Imisebenzi Yenqubo Yokubamba Komphakathi Iqhaza

Umphakathi uzomenywa ukuba ubhalise njenge-I&AP futhi ubambe iqhaza kwi-PPP ngalezi zindlela:

- Ukufakwa kweZaziso Kwabezindaba Kwi-Sunday Times, iMercury neMountain South Drakensberg News phakathi komhla ka-11 Meyi no-16 Meyi 2008
- Izaziso eziyochonywa emabhodini kule ndawo
- Ukusakazwa kwe-BID
- Ukusakazwa kwefomu lokuphawula
- Imihlangano yabathintekayo (stakeholders)
- Ukusakazwa koMbiko Owuhlaka Wokuhlolwa Kobubanzi Bomsebenzi Ozokwenziwa (DSR)
- Usuku nemihlangano okuvulekele umphakathi
- Ukusakazwa koMbiko owuhlaka we-EIA ukuze kuvezwe izimvo
- Konke ukwaziswa kuyotholakala lapho kucelwa



Imithelela Engaba Khona Esitholakele Kuze Kube Yimanje

Imithelela engaba khona esitholakele kuze kube yimanje ihlobene nalokhu:

- Ukuhamba kwezimoto nezokuthutha
- Ezokuvakasha
- Ukusebenza kwamatekisi
- Umgwaqo wezohwebo lokuthutha Ukusebenzelana nokuxhumana kwezwe lonke neLesotho
- Imvelo yezinto eziphilayo (Izilwane Zendawo, Imithi Nokumilile Endaweni, Indawo Ezungezile
- Ezenhlalo
- Ukuphathwa Kwezinto
- Uketshezi Nezinto eziyingozi
- Ukulawulwa Kokungcola
- Ukuphepha
- Ukulawulwa Komngcele
- Imithombo Yamanzi Ukuguguleka Kwenhlabathi
- Umuzwa Wendawo
- Indawo Yamagugu Omhlaba

Inqubo Yobunjiniyela Nentuthuko

Ngo-2007 i-DoT yakhetha inkampani yonjiniyela ukuze idwebe umklamo wokuthuthukiswa komgwaqo okuhlongozwayo futhi, uma ugunyazwa, iphathe ukwakhiwa kwawo.

Izineselele Zokuklama Nokwakha

Kusukela ngaleso sikhathi iye yaphothula inhlolovo ephathelene nokuguguleka kwalo mgwaqo futhi yaqalisa isigaba sokucabanga ngobunjiniyela. Lesi sigaba sizoqhubeka kuze kuphothulwe ukuhlolwa kobubanzi bomsebenzi ozokwenziwa ukuze kunikezwe ithuba lokucatshangelwa kwezinkinga nezineselele ezitholakele. Imiqondo yokudwetshwa komklamo izobe isiqhutshekiselwa phambili yenziwe iqoqo lezindlela zokuklama eziyisandulela, i-Dot ezozihlola ngaphambi kokudwetshwa komklamo oningiliziwe.

Kuye ngokuthi ukugunyazwa kokuhlolwa kwemvelo kuyanikezwa yini, osonkontileka bazokhethwa ukuze kwakhiwe umgwaqo ngokushesha nje ngemva okuba umklamo oningiliziwe usuphothuliwe. Inkampani yonjiniyela izophatha futhi iqondise ukwakhiwa komgwaqo.

Izilinganiso Zomklamo Nokwakha

U-DoT uhlinzeke inkampani yonjiniyela ngale Mibandela Okungabhekiselwa Kuyo yomklamo wokuthuthukiswa komgwaqo ohlongozwayo:

- Ukuhlinzeka ngomgwaqo oqinile ozomelana nazo zonke izimo zezulu
- Ukuhlinzeka ngomgwaqo ombaxa mbili (two way), okungukuthi umgwaqo owodwa uya ngakolunye nolunye uhlangothi onobubanzi:
Obungu-7 m phakathi kwe-km14 ne-km25 (ingxenye engezansi)
Obungu-6 m phakathi kwe-km25 ne-km33 (ingxenye engenhla)
- Ukuvumela ijubane lokuhamba kwezimoto eliphephile ngamaloli noma amabhasi anezisekelo ezinamasondo amafushane (short-based-wheel) ahamba:
Ngo-50 km ngehora phakathi kuka-km14 no-km25 ingxenye engezansi)
Ngo-30 km ngehora phakathi kuka-km25 no-km33 (ingxenye engenhla)
- Ukuhlala ungaphakathi kwemibandela yelungelo elikhona lomgwaqo elinikezwe yi-DoT futhi kulondolozwe ukuhlolenjwa komgwaqo kwamanje lapho kungenzeka khona, kodwa kulungiswe ukuhlolenjwa kwawo lapho kudingeke khona ukuze kufinyelelwe izilinganiso zomklamo eziphawulwe ngenhla
- Ukunweba umgwaqo ngokuwunqamulela, ukuwugcwalisa, nokuwufaka izindonga eziyisivikelo kanye nokwakha amabhuloho
- Ukusebenzisa umgodi ogunyaziwe obolekwe kwiphrojekthi yeSigaba 1

Indlela Yokubhalisa Njengomuntu Onesifiso Nothintekayo

Ama-IAP angase athumele izimvo ezilotshiwe kanye namagama qwo, iminingwane yokxhumana kanye nenkomba yanoma ikuphi ukuqhutshwa kwebhizinisi ngokuqondile, ezezimali, okomuntu siqu noma ezinye izithakazelo abanazo esicelweni ngposi, isikhahlamezi noma nge-email ku-:

Ms Sanusha Govender

Email: sgovender@gibb.co.za
Tel: (031) 267 8560
Fax: (031) 266 3310

Post:

ARCUS GIBB
P O Box 1365
Westville
3630

